**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo kanye nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20
   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OKUFUNDWAYO)**

**LESI YISIZUKULWANE ESIHLUKILE!**

1 “Hawu! Waphela unyaka, sekuzoqala omusha kusasa!” Lawa ngamazwi avela kubantu abaningi uma kuhlukana unyaka omusha nomdala. Baningi abantu abasuke bebhala izinto abazozenza nabazibophezela (commit) kuzona uma kuqala unyaka. Iminyaka ayifani, kukhona emihle, enezinselelo, enezinkinga, njalonjalo. Kuyo yonke iminyaka esidlulile, kukhona owodwa nje owaduma (famous) kakhulu kuneminye. Lowo kwakungunyaka wezi-2000. Unyaka owawulindelwe yiwo wonke umuntu ngenxa yezinto okwakuthiwa zizokwenzeka kuwona. Abahlaziyi (analysts) benza ucwaningo ngalo nyaka ungakaqali bathola izinto eziningi ezahlukene. Abaculi beqembu lama-O’Jays laqamba **ingoma eyashisa izikhotha** ngalo nyaka. Unyaka wezi-2000 waqanjwa ngamagama amaningi afana no-Y2K, Mileniyamu namanye. Okwakusabisa okwakushiwo ngalo nyaka ukuthi kuzoqhuma amakhompyutha kulahleke ulwazi nemininingwane yonke egcinwe kuwona. Umnumzane Eugene Hall oyisikhulu senkampani yakwa Garther wabhala okuningi ngalo nyaka emveni kokwenza ucwaningo olukhulu. Okunye okwakuqaphelekile ukuthi kwakungunyaka obhansayo, unosuku olulodwa ngaphezu kwalezi ezinga-365 ezijwayelekile kunyaka ngamunye.

2 Ukudideka okwakukhona emhlabeni wonke kwenza ukuthi abacwaningi nabahlaziyi babe nokulangazelela ukubona lesi sizukulwane. Izibalo ziveza ukuthi kwazalwa abantwana abayizigidi ezi-4.6 emhlabeni wonke. AboMnyango wezeMpilo bahambela zonke izibhedlela bethatha imininingwane yabantwana abazalwe ngesikhathi uqala lowo nyaka. Ngokwemibiko uKyle James Phillippi nguyena othathwa njengomntwana owazalwa kuqala esibhedlela sase-West Penn eMelika. Wazalwa sekusele imizuzu eyi-5 ngaphambi kwehora leshumi nambili. Umhlengikazi omkhulu u-Edna Bokaba owayesebenza ngesikhathi kuqala lo nyaka, uthi iChris Hani Hospital yona yamukela umntwana wentombazane owazalwa phakathi kwamabili. Imininingwane yomntwana abakwazanga ukuyiveza ngenxa yokuthi uhulumeni wakuleli unemithetho ayibekile ukuze kuvikeleke izingane ezibhedlela.

3 Abantwana abazalwa ngalo nyaka wezinkulungwane ezimbili banikwa igama lokuthi Ama2000. Elinye igama lalesi sizukulwane isizukulwane esazalwa kuthiwa yi-'Generation Z'. Kusukela ngalowo nyaka kwabe sekulandelwa ukuthi bazoba ngabantwana abazophila impilo enjani. Okokuqala okwaqashelwa ngukuthi bayisizukulwane esafika ngesikhathi izinga lezobuchwepheshe liqala ukuba phezulu/ukuthuthuka kakhulu. Ngesikhathi sebengena esikoleni abanye babo babesebenzisa izinto zokufunda nokubhala ezisebenza ngezobuchwepheshe. Ulwazi ababeludinga babeluthola kalula ku-google besebenzisa omakhalekhukhwini, iPad, amakhompyutha, nokunye. Abahlaziyi bavumelana ngokuthi lesi sizukulwane sizoba nolwazi olwehlukile.

Sizokwazi ukuxhumana kalula nabantu abaningi futhi sizokwenza izinto ezingajwayelekile.

4 Kuningi okwenza ukuthi Ama2000 ahluke uma eqhathaniswa nezizukulwane ezazalwa eminyakeni engemuva kweyabo. UThabiso Mhlongo kanye nabanye be-'Generation Z,' uthi okubajabulisayo kunakho konke ukuthi kulula ukukhumbula iminyaka yabo ngoba akudingi babale noma bacabange kakhulu. Izinto bazenza ngesivinini esingaphezulu kwezinga lokukhula kwabo. Okuphawuleka ngabo ukuthi bayakwazi ukuzimela ngokwabo banganciki kwabanye abantu. Abanalo uvalo lokukhuluma izinto abakholelwa kuzona. Bakhululeke ngokweqile. **Bayazishaya isifuba** ngemvelaphi kanye namasiko abo. Izinwele zabo bazigcina zinjengoba zinjalo noma bazigunde emaceleni kuphela. Bathanda ukufaka amacici kunoma yisiphi isitho sobuso. Imvamisa bagqoka izimpahla eziveza imizimba. Ngesikhathi beqala ukuba neminyaka esukela kweyi-7 abanye basuke sebekwazi ukusebenzisa ezobuchwepheshe ezinhlobonhlobo. Bahlala ezinkundleni zokuxhumana isikhathi eside.

5 Ucwaningo luveza ukuthi Ama2000 anomqondo osheshayo novulekile. Banamakhono namathalente agqamile kwezobuciko (art and culture). Imali baqala ukuyisebenza nokuyenza besebancane. Batholakala kakhulu kwezomdanso, umculo woku-rapper nokulingisa. Abaningi babo sebedume umhlaba wonke kule mikhakha. Bakhona abanye abathanda imidlalo enhlobonhlobo njengo-Zion Williamson odlala i-Basketball ezingeni eliphezulu. Abanye bagxile emfundweni njengoba kuvela ukuthi abaningi babo baphumelela umatikuletsheni ngamalengiso. Akubona abahlaziyi nabacwaningi kuphela abasinakile lesi sizukulwane kepha nabaculi baqamba izingoma/amaculo amaningi ngaso. UDJ Pzet wenza iculo elihambisana nevidiyo elithi; 'Ama2000,' lapho eveza khona izithombe zezindawo azihambayo Ama2000 kanye nempilo abayiphilayo.

6 Abantu baphila impilo engafani ngisho kuthiwa bazalwe kanye kanye. Nakhona kulesi sizukulwane abanye babulala ikusasa labo ngezidakamizwa kanye nokuphuza utshwala. Bangamavila bafuna ukwenzelwa yonke into ngisho neqondene nabo uqobo. Kuyasho ukuthi bazalwa ngesikhathi izinga lezobuchwepheshe liphezulu, yonke into yenzeka kalula.

Kazi ngubani oyophila iminyaka eminingi kunabanye kulesi sizukulwane?

1.1.1 Ngubani owenza ucwaningo olukhulu ngezinto okwakuthiwa zizokwenzeka ngonyaka wezi-2000? (1)

1.1.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuqedela lo musho olandelayo:

‘Ingoma eshisa izikhotha’ kusho…

A ethandwa abantu abasebasha
B ehlukanisa unyaka
C eyadlalwa ngonyaka wezi-2000
D emnandi kakhulu (1)

1.1.3 Zingaki izinsuku onyakeni obhansayo? (1)

1.1.4 Yisiphi isibhedlela esamukela umtwana owazalwa kuqala ngonyaka wezi-2000? (1)

1.1.5 Yini eyenziwayo ukuvikela ingane esanda kuzalwa ngokwesigaba sesi-2? (2)

1.1.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwaqapheleka ukuthi kwenziwa Ama2000 okwakungekho kudala ezikoleni ngokwesigaba sesi-3. (2)

1.1.7 Yikuphi okujabulisa uThabiso Mhlongo kunakho konke ngempilo yabo njengoba eyi-'Generation Z'? (2)

1.1.8 Bhala OKUBILI okuyizimpawu zokuthi Ama2000 ayakuthanda ukubukeka kahle kwemizimba yawo ngokwendaba. (2)

1.1.9 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe endabeni.

**Bayazishaya isifuba** ngemvelaphi kanye namasiko abo. (2)

1.1.10 Chaza ukuthi umuntu owazalwa ngonyaka wezi-2000 uneminyaka emingaki kulo nyaka kanye nezinga lemfundo okufanele ukuthi ukulona. (2)

1.1.11 Ucabanga ukuthi sizathu sini esenza umyalezo kaDJ Pzet ngama2000 usheshe usabalale entsheni nasemphakathini wonke? (2)

1.1.12 **Bayazishaya isifuba** ngemvelaphi kanye namasiko abo. (2)

1.1.13 Bhala iphuzu ELILODWA uqhathanise imiphumela yokusebenzisa ezobucwepheshe kanye nokuzenzela izinto ngezandla zakho (manually). (2)

1.1.14 Ngokucabanga kwakho Ama2000 azoba nekusasa elinjani? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

| **ISITHOMBE SOKU-1** | **ISITHOMBE SESI-2** |
|---|---|
|  |  |
| **ISITHOMBE SESI-3** | **ISITHOMBE SESI-4** |
|  |  |

*[Sicashunwe ku-google.com]*

1.2.1 Bhala umphumela omuhle ngomsebenzi owenziwa umuntu osesithombeni soku-1. (1)

1.2.2 Yimiphi imisebenzi EMIBILI ebalulekile eyenziwa abantu abasesithombeni sesi-2? (2)

1.2.3 Ubizwa ngokuthini umuntu owenza umsebenzi osesithombeni sesi-3? (1)

1.2.4 Yini eyenziwa abafundi esithombeni sesi-4 ekhombisa ukuthi bamzwile uthisha ngenkathi ebafundisa? (2)

**[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezinkinga ezilethwa ukuhamba kukagesi.

## IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

## UMBHALO C (OFUNDWAYO)

### AKUYONA IMPILO ESIYIFUNAYO LE!

Inkampani yakwa-Eskom yaveza izinkinga eziningi ngokusebenza nokusetshenziswa kukagesi eNingizimu Afrika. Lokhu kwenza ukuba iqale uhlelo olubizwa nge-*load shedding* olungalekelela ukugwema izinkinga ezinkulu izwe elingazithola libhekana nazo. Lolu hlelo lokuhamba kukagesi lwenzelwa ukwehlisa izinga okusetshenziswa ngawo ugesi ngesikhathi esisodwa ukuze zonke izindawo zikwazi ukuthola ugesi. Nakuba uhlelo lwe-*load shedding* lunezinhloso ezinhle kodwa lokhu kuletha izinkinga ezahlukene.

Ezimbonini, emakhaya, nakwezinye izindawo, ugesi ufana nomoya osiza ukuthi abantu baphefumule. Imishini ezibhedlela isebenzisa ugesi ngakho-ke uma ungekho iyacima bese ukulashwa kweziguli kuphazamiseka ezinye zilahlekelwe imiphefumulo.

Ugesi siwuthandela ukuthi usilethela ukukhanya okukhulu ngezikhathi zobumnyama. Ukuhamba kwawo ngezikhathi lapho udingeka . Ebusuku kuba mnyama bhuqe bese abantu bengaboni kahle. Uma kumnyama kusetshenziswa izinto ezigcina ziyingozi kanti ezinye zidinga imali.

Imiphakathi kufanele iphephe ngaso sonke isikhathi. Abantu abenza izinto ezingalungile bayasizakala uma amakhamera, ama-alamu, nokunye okunciphisa ubugebengu kuphazamisekile. Umphakathi uhlaselwa izigebengu emakhaya nasemabhizinisini, zintshontshe zibabulale.

Isimo somnotho sibi, ukonga ukudla kubalulekile. Ukugcina ukudla emafrijini ngaso sonke isikhathi kuyasiza ngoba konga imali nesimo soleyo nhlobo yokudla. Kuyabola bese kuyalahlwa ukudla okuhlala emafrijini ngenkathi ugesi ungekho.

Izinkampani eziningi zidiliza abasebenzi ngoba zilahlekelwa inzuzo (profit) ngokuhamba kukagesi. Abasebenzi baphelelwe imsebenzi,

ikati lilale eziko emakhaya amaningi.

Ukufunda ngokusebenzisa intanethi amagajethi sekwenziwa kakhulu manje. Ukufunda nokufundisa kuyaphazamiseka ngoba ugesi usetshenziswa kakhulu ezikhungweni ezihlukene zemfundo.

Izithuthi zibalulekile futhi zincike ekusebenziseni ugesi. Imigwaqo ilawulwa amarobhothi uma engasebenzi kudaleka izingozi, isiminyaminya nokubambezeleka kuwo wonke umuntu.

Ongathi le simo sikagesi singagcina sisombulekile.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**


ISIQHEPHU C: IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

**UMBUZO 3**

Bukisisa **UMBHALO D** bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**





**FODOFINISHI CABINETS**

33 Mahambane Lane
Cowies Hill
Pinetown

fodofinishishelves food_shelves 084 076 2371

**SIVUMELE SENZE IKHAYA LAKHO LIBUKEKEKE KAHLE!**

Amanani alingene iphakethe lawo wonke umuntu.
Sikwakhela isitayela osithandayo.
Sikwakhela usayizi ohambisana nomuzi wakho.
Sishintsha umuzi wakho ube yizulu elincane.





Imithetho Nemibandela
Asidilivi ezindaweni ezingaphandle kwaseKZN.

*[umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepic]*

3.1 Ungabathola kanjani abakwa Fodofinishi Cabinets uma ubafuna? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okuvezwe izithombe ongakusebenzisela amakhabethe asesikhangisweni. (2)

3.3 Tomula umusho okwenza uzizwe sengathi awukwazi ukwenza ikhaya lakho libe lihle. (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesifengqo kulo musho olandelayo:

Senza umuzi wakho ube yizulu elincane.

A Ihaba.
B Isifaniso.
C Isenzasasilwane.
D Isihlonipho. (1)

3.5 Hlobo luni lokuchema oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Asidilivi ezindaweni ezingaphandle kweseKZN. (2)


3.6 Kungabe lesi sikhangisi siyilandele yini imigomo yokukhangisa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

## UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[www.googlepics.com]

4.1 Kungabe isikole sabafundi abanjani lesi esisekhathunini? (1)

4.2 Bhala igama elimqondophika naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Uzolahlekelwa yithuba **eliyisibusiso**. (1)

4.3 Yini ekhombisa ukuthi lesi sikole siyabandlulula ngokobulili? (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Le ndawo engenazinwele ekhanda likathishomkhulu ibizwa ngokuthi ...

A isiphongo.
B izimvu.
C isiphundu.
D impandla. (1)

4.5 Bhala okwenziwa uthishomkhulu okungavumelekile ekilasini. (2)

4.6 Uqonde ukuthini uNkk. Hlubi uma ethi '**kusinda kwehlela**'? (2)

4.7 Uthini umbono wakho ngesenzo sikahulumeni sokuvula izikole ezinjengalesi esisekhathunini. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Isomiso esihlasela amazwezana amaningi siyathusa. Izwe lethu i-RSA nalo linenkinga yesimo sezulu. Ukushoda kwamanzi kwenza imifula yomile. Abalimi abasakwazi ukutshala. Umhlabathi womile kakhulu. Izilwane ziyafa bese abalimi bengakwazi ukuthumela inyama emazweni. Abalimi basebenza kanzima emapulazini ukulungisa isimo.

Amahlathi ayasha bese kuncipha izingodo zokwenza izinto ezifana nezitulo, nokunye. Izinkampani ziyavalwa ngci yonke indawo. Uhulumeni uyazama ukusiza kulesi simo. Uhulumeni uxhasa abalimi bodwa ngezimali zokutshala izihlahla. Kukhona abantu abaqala umlilo ngokulahla umentshisi phansi. Fundani ukonga imvelo. Impilo yezilwane nabantu incike kuyona imvelo.

Umlimi uNomzamo uthe, 'Ngiyabonga ukuxhaswa nguhulumeni.'

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Hlobo luni lwesijobelelo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Isomiso esihlasele amazw**ana** amaningi senza isimo somnotho sibe ntekenteke. (1)

5.1.2 Bhala le akronimi elandelayo ngamagama agcwele:

RSA (2)

5.1.3 Phinda ubhale lo musho olandelayo ube inkathi ezayo:

Isimo sezulu siyanezezela kule nkinga. (1)

5.1.4 Guqula lo musho olandelayo ube inkulumo-mbiko.

Umlimi uNomzamo uthe; 'Ngiyabonga ukuxhaswa nguhulumeni. (2)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe. Bhala indlela yesenzo yaleli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

**Fundani** ukonga imvelo:

A Indlela yenhloso.
B Indlela eyamile.
C Indlela esabizo.
D Indlela ephoqayo. (1)

5.1.6 Bhala isabizwana esitholakala kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona:

Uhulumeni uxhasa abalimi bodwa ngezimali zokutshala izihlahla. (2)

5.1.7 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho owodwa ombaxa.

Abalimi abasakwazi ukutshala.
Umhlabathi womile kakhulu. (2)

5.1.8 Bhala impambosi yokwenzayenza esikhundleni segama elikubakaki.

Uhulumeni (uyazama) ukusiza kulesi simo. (1)

5.1.9 Bhala isandiso sesimo esitholakala kulo musho olandelayo.

Abalimi basebenza kanzima emapulazini ukulungisa isimo. (1)

5.1.10 'Tomula isenzukuthi esitholakala esiqeshini esingenhla. (1)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




5.2.1 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo:

Yimake ngamawala Paul, umzala wami lo uJaman ohlala emelika. (2)

5.2.2 Sebenzisa igama elingumabizwafane elilandelayo ukuze kuvele umqondo ohlukile kunalo osenkulumweni kaPaul.

isibindi (2)

5.2.3 Ngokucabanga kwakho uPaul uyamthanda ngempela uSara? Sekela impendulo yakho. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**